



AGRI UPDATE

Information from the KZN Department of Agriculture, Environmental Affairs & Rural Development

2010/01

IBHANDE LOKUKALA ISISINDO EZIMBUZINI ZENYAMA

J.F. de Villiers, S.T. Gcumisa & S.A. Gumede – Agriculture Production and Research Services, South Region

B.A. Letty – Institute for Natural Resources

Isidingo sokwazi isisindo sembuzi yakho

Imali etholakala ngokukhiqiza izimbuzi idlala indima enkulu emiphakathini yasemakhaya. Ukuze uthole imali ngezimbuzi kufanele ziphathwe ngendlela eyiyo. Ukunakekela impahla ngendlela efanele, kubaluleke kakhulu ukukwazi ukukala isisindo sesilwane, ukubhekelela ezempilo, ukuzalanisa, ukubheka ukuthi zithola umsoco ofanele kanye nokudayisa, isibonelo:

- Ukuphuzisa imithi ngesikali esifanele, ukujova kanye nokubona impilo yembuzi kanye nezinye izinkinga ezingakhona
- Ukuphakela imfuyo ngendlela efanele
- Kuvumela ukuthi izibhuzazane zikwazi ukuya empongweni sezishaya isisindo esifanele
- Izimbuzi zakho zidayisa zinesisindo esifanele

Kubalulekile ukwazi isisindo sesilwane sakho ngoba uma ungasazi isisindo kungenza weqise noma ukale ngaphansi kwenani lomjovo noma lomuthi. Zombili-ke lezizimo zingaholela ekutheni imithi ingasebenzi ngendlela, lokhu futhi kungabeka impilo yesilwane sakho engozini, noma kwenze imithi ingasebenzi ngokuhamba kwesikhathi, kumoshe nemali.

Ukukala isisindo

Ukusebenzisa indlela yokukala ehloliwe iyona ndlela efanele yokuthola isisindo esiyiqiniso sembuzi. Yize-ke kungajwayelekile ukuthi iningi labafuyi libe nezikali, noma izindlela zokukala.

Ibhande lokukala isisindo isona isixazululo esilula kubafuyi basemakhaya.

Leli bhande linamaqophelo nezinombolo, ligaxwa esifubeni sembuzi bese likunika isisindo. Leli bhande lisebenza kanje, ligaxwa ngemuvana kwemikhono ngemumva kancane kwezindololwane uyogcina ngaphezu kwesiphanga.

Leli bhande lakhiwe ngaphezu kobuchwepheshe ukukwazi ukulandelisa ubukhulu besifuba busho ukuthi isifuba esiyisikali esithize sichaza isisindo esithize (kg) Lolu cwaningo lwenziwe ezimbuzini eziyi-1200, zohlobo lwesintu, amagamanxa (Boer goats) kanye nezixutshiwe amabhastela (crosses) lezi mbuzi zifuywe abalimi abancane, abasafufusayo kanye nalaba asebethuthukile lapha KwaZulu-Natali, kanye nezimbuzi zoMnyango ezise Cedara zesiNtu kanye nezinye ezise Owen Sithole College of Agriculture. Kwa setshenziswa izimbuzi zezinsikazi nezenduna kubalwa izimpongo, amazinyane, izimbuzikazi kanye nezintondolo

Izindlela ezifanele zokusebenzisa ibhande, yilezi ezilandelayo:

1. Qiniseka ukuthi isilwane simi endaweni eqondileyo.
2. Imbuze kumele ime iqonde ukuze ingaxumi noma inyakaze – thola umuntu ozoyibamba uma ihlupha.



Figure 1: Qiniseka ukuthi isilwane simi endaweni eqondileyo Imbuzi kumele ime iqonde ukuze ingagxumi noma inyakaze – thola umuntu ozoyibamba uma ihlupha.

3. Thandela ibhande lisuke ngaphansi esifubeni likhuphuke lidlule ngemuva kwamakhwapha liye lihlangani phezu eziphangeni.
4. Lihlanganise ngaphezu komgogodla wembuzi.
5. Funda inombolo lapho kuhlangani khona ibhande. Lenombolo ibhalwe ngamakhilo (kg)
6. Ungaxhamazeli/ungatatazeli ukufunda zinike iskhathi !



Figure 2: Libhangqe kancane ngaphezu komgogodlawembuzi. Funda inombolo lapho kuhlangani khona ibhande

Isiphetho

Ibhande lesisindo yindlela elula yokukala engasetshenziswa ikakhulukazi ngabalimi abangenazo izikali emakhaya abo. Lokhu kungasiza kakhulu uma umlimi efuna ukuphuzisa imithi yezikelemu, ukugoma kanye nokujovela izifo ezahlukahlukene.

Kuyabongwa ku:

*S de Vos, Cedara College, ngemidwebo
Abalimi ngokusivumela sisebenzise imfuyo yabo*

Ngeminingwane, funda lencwajana:

De Villiers, J.F., Gcumisa, S.T., Gumede, S.A., Thusi, S.P., Dugmore, T.J., Cole, M., Du Toit, J.F., Vatta, A.F. & Stevens, C. 2009. Estimation of live body weight from the heart girth measurement in KwaZulu-Natal goats. *Appl. Anim. Husb. Rural Develop*, Vol 1, 1 – 8: www.sasas.co.za/aahrd/

Uma ufuna ulwazi oluthe xaxa thintana no:

Hannes de Villiers on Tel: 033 3438350 or email Hannes.devilliers@kzndae.gov.za

Sibongiseni Gcumisa on Tel 033 3438345 or e-mail Sibongiseni.Gcumisa@kzndae.gov.za

Sibusiso Gumede on Tel: 033 3438347 or e-mail Sibusiso.Gumede@kzndae.gov.za